Ubesonte kubo eGroutville uMr. Msoneli, waseJubilee eMansimtoti, wapenduka ngoMsombuluko elibangise emsebenzini wake eMansimtoti.

—:o:—

UMr. N. Lutuli okade eshaywe pansi umkuhlane lapa Ohlange usengoo-o, noma amadolo esashayana.

—:o:—

Ibandhla elikade lihlola indaba kaMr. Brandon esola abeC. L. D. nabeS. A. M. R. liyikipile indaba yokubona kwalo. Bayamvumela kokunye kodwa bati uze weqisa ekusoleni kwake. Bati abe S. A. M. R. kukona abangefundisiwe kubo. Kunjaloke ne Attorney General indaba iyiyeka kona lapo.

—:o:—

Isiknlu sase Mgu'ngundhlovu uMr. P. Davis sahonile. Uye umnini wepepa iWitness wheesicebi. Etaneni [illegible] kudukwana som

—:o:—

Ulicitile uMr. Selby Msimang icala ayebekwe lona eBloemfontein lokuti inshumayelo yake ivuse abantu nkuba benze isipitipiti. Ulicite lingakatetwa ngoba kute kusati helele ummeli wake wati acacile amaswi okutiwa wavuse ngawo abantu nempela ijeji lamvumela, wakululwa uSelby.

—:o:—

Impumulo yamuxuse aseSouth Africa abikwa ukuti asefunyalele eNgiland noknti indaba yawo isisosheshe isiticilelwe.

—:o:—

Abantu eMessina Mine eTransvaal badikile umsebenzi beti bafuna ukuqutshelwa nsholeni ngelanga. Abapati beNkomponi bati nxa bengeneliswe imali abayiholeyo abagoduke. Nempela abayikuli neshumi nambili bababamba abayasiyo.

—:o:—

Ekuluma eLondon uMr. Pollock weZululand Mission ute, imvama uyasi ukuti amaZulu ayelwa eFulansi.

—:o:—

Amapepa abelungh ati isipitipipiti namapesi nesikasheleni sesipelile eGoli ngoba isingi labantu alibetembi aba holi baloludaba. Ati, imvamela yabaholi baloludabe abantu asebabhungaka emakaya abayisigebengu.

—:o:—

Omunye umlungu owadubula umuntu obiso lake uWilliam Donse ubekwe icala lokubulala, aibhala aje alikanqunywa.

—:o:—

Umutwana uSolomona kaDinizulu kuswakala ukuti usasoti abelele aye ngas'Obhalule emxiweni lapo kwakudingisiswe uyise ayobona amatodhlana asala ngakona. Uyodhlula ngaseJosi Indaba ebihanjelwe uMafukuzela uyishiye esandhleni zaoMnyaiza noMakulumana ukuba bayiqube ngamandhla esebambile.

—:o:—

Umntwana uGriffis was,Osutu kwa-Mahweshwe ute pambi kweMbiso enkulu yamakosi akona nabantu, uzowela aye kotakasela uKing ekunqobeni kwake isita sake.

—:o:—

Omunye umfundisi wayengeuise kwabase Meleka abefundisi abati u rubheme ipipi isona. Kwaqedwa ukudhla qede, waseseti lo ohambileyo, ake ngipume ngiyokwenza isono.

Ezaneno nezaPesheya.

NgeSonto ntambama eGoli bekukona impi enkulu ejalidini lasePass Office kulwa abantu namapoyisa. Abantu aba 86 ababebanjwe ngesidumo samapasi baboshwa besebehuya lapo bekade besebanza kona ePitoli isikati sabo sesipelile. Youke indhlela kutiwa bebehamba benza imikuba nje, bema bedhlelesela amapoyisa abagqubayo. Kute ukuba bafike eJoni bayisiwa ePass Office, bati lapo besejalidini lakona induna yamapoyisa uLloyd ejala ukukuluma kubo engakaligwinyi omunye umuntu wamshaya ngesibhakela wamlahla pansi, kwabe isiqatekile njalo abantu babashaya ngesicatulo abelungu, abanye bemuka amapoyisa amnyama isinduku bawangcefa bawangcefa amapoyisa amhlope. Yona induna emhlope yamapoyisa uLloyd namanye ashiya munwe munye kwamhlope, apetwe odotela namhla ngenxa yesingosi nesidubuli asitole kulabo bantu.

o o o

UMr Lorance wasemapasini eGoli uti lendaba yamapesi iqutshwa sigebengu, bayingcosane abantu abasotileyo abayingenayo. Uti bonke batatwa imifanekiso yeminwe kwabonakala ukuti babekade beyiselelesi. Abantu asaboshwayo ngalolndaba ngoApril bangu 561.

o o o

Abase Japan bakala ngokuti kuleliqinga lokuhlangana kwesiswe akangabiko ukubandhlululwa kwombala. Bavukile abaseMeleka abangaseCalifornia bati kuhle uPresident Wilson angavumi ukuba abanebala beme s'kundhleni siuye nabamhlope. Enye yengwangqase ezoxasululwa amadoda abumba lenhlangano yeziswe.

Abase Russia balwa bodwa, manje impi ikulile kuleziswe kumaBolshevika naba uHulumeni wakona enyakato neRussia.

o o o

Nangalapa eFremantle eTekwini lakona kwehle isidumo esifana nalesi saseGoli. Kusuke isixuku esikulu sayovimbela izipoti mandhla siti simise udonga, kwati amatshotshosela atata amatshe eshaya amapoyisa abepete isikali. Yadumelana kwalimala abangu 38.

o o o

NaseGermany izidumo zokulwa sibikwa yonke indawo, badubula nabahleli bamapepa, kweminye imizi amapepa asaveli, namabange ayapangwa.

o o o

Isikulu samaJalimane besiseParis sifike ngesimoto esiatatu sisonikwa amaswi okuyiwona ukutula kuncivemo kuwo. Batitwe isinsuku esiyishumi nesihlanu zokuba bapendule.

o o o

Kepa si, bawoindesele isimangalise nawo akade ukuze abe isiswe esinotileyo njengoba ayecijelo ngapambi kwempi.

o o o

Ngapandhle kwamaswe awo ayesesiswesi kanye nemikumbi emininzi sekwatetwa kubo. Kutiwa-ke nonke isincitakalo sabanta okumelwa ukuba asikoke itshe lemali engu £5,000,000,000 eyode ikokwa isigamu ngeminyaka etile.

Uhlangene uNational Congress.

NgoMay 8 eQueenstown eCape Colony kuhlangene uNational Congress enganyelwe uMr. S. M. Makgatho, Amadelegates apuma kuye yonke indawo, ababili bamaxuse ayapesheya kubikwa ukuti sebewole bafuyelela. Izindaba esthiafunwa inhlangano ilesi:—

1. Kuceiwa ukuba umbuso weNyonyana unikase nonke isiqingata ivoti kubantu.

2. Beswela abantu baseTransvaal nabase Free State abalwa nonteto wamapasi.

3. Ukuba umteto wamapasi ngedwe utiwe pya.

4. Ukuba kutunyelwe isikalo ku-Hulumeni sendhlela embi okupetwa ngayo isibonkwa esimnyama.

5. Kukalwa ngendhlela embi okupatwa ngayo isibonkwa esimnyama sidonsiswa isiqqukumbane.

Amazwibela ezohambo luka Mafukuzela.

Isonto lokugcina Osutu uMafukuzela walicitela kwa Mnyayisa kwaNdabuko. Amuko umuntu oxube inkanyiso nobuqaba njengoMnyaisa. Elawini lake ungafica isingubo esipambili, ati uxatshana esesifakile umfo wenkosi uti ikolwa elidala ufice nesiteba setiya, futi ufidhle, ngalapa amafountain pena esibhalela ngawo yena, konke okufunyanwa emisini yamakolwa, kepa uti la usungena eofisini lake ufice imiteba yake yesinsimba, nesindhlandhlana, namahau, nemikonto, yebo konke kobuqaba. Ubese umkohlwa nje uNdabezita ukuti kanti uyilipi. Loku ingubo iyamhlala; abake bambone efake inyamasane bati usuke ekwabo, loku ngikulile ngiuDakwa, ibuto lake lelo.

o o o

KwaZulu Osutu abancane akushiwo ukuti abantwana kutiwa singane ngoba nxa kutiwa abantwana kusuke kutshiwo abanta'benkosi.

o o o

Pho uMafukuzela eyiseka indaba ngoba udibi lwake lwashaywa pansi umkuhlane wenyongo ipuma ngapansi nangapesulu, isinsuku esiutatu kwakungati useyemuka emhlaberi. Bhekake kukude nestimela engasenamandhla nowokuhamba Wase watotonyiswa amabeshi ambeka kanoNgoma lapo wangena emotokalini yaye yamlahla kwaMpukunyoni esitimeleni.

o o o

Ai omiyane bakwa Somkele bangangomnyovu. Njengoba basihlaba nje asasi noma imfiva sesiyetwele egasini yisi ngoba safika ibavingqa ngalapa nangalapa. Kona eMpangeni babefa isimangaliso.

o o o

Intombazana eyayisiletela itiye emahashini ekuseni yati, akugoqosiwe. Saqale sakohlwa ukuti ukugoqosa loku ekushoyo ishoni. Kanti itsho ukugovusa. Pinde ubeswe le Osutu beti ukugovusa, yonke into enjalo ukugoqosa.

o o o

Kukona iswe elibanzi elingakiwe muntu lesigodi sesi Mfolosi. Iswe lesinyamazane esinkulu esilsudelwa ilempukane eleta unakane esinkomeni nasemahashini eyanele ihlale nje kuso zife. Sati nxa sidhlula lapo sikona sasibamba sihlesi emotweni. Zehluke ngatonye kulezi esitsaiyo. Amakanjana pambili lapaya ngobile isimpape zinde.

o o o

Nxa umuntu eya Osutu indhlela ehlobo eqamka ngaseVryheid.

Ezase Goli nezipitipiti.

Isiqeiswa asisetembisisi ukupata ipati esilivumi. Sesize sebeshwa kabili, zipuma ejele singabe ukuwapata siti uma sesiqutywa impi yamapoyisa ehambe sihlabelela uNkosi sikelela iAfrica kube umunya.

o o o

UMr. Ritch ummeli weTransvaal Congress usebuyile epalamendeni, lapo kade eyise isikulo zendhlu emnyama ibigweba ngelidhlule eC Court Ai. si ibize ime ngaluqye Iukonso kaRitch nombhali wake uMr. H. Bud Mbhele uqweqwe lwensiswa yakiti.

o o o

Ao Rev. Mvelase waseSophiastown beso Mr. Vuma Mesne, yebekipa pambili sekumnyama into kaRitch bebekwe isele lokudabula isiswadi sobe sobusemutiti nokuti bapula umteto wameBhunu ngokumeme isishlangano bengutanyiwe iNative Affairs.

o o o

AoMajor Cook noChief pass officer uMr. Lawrence sike sebabona enkantolo besefakana; po indhlu emnyama loku iyabasonda ibabuke ngeso elibi.

o o o

UMr. C. S. Mabaso ukone lapa kawe. Impi yake ibambe mutoti impela, "Tina sifana lo pasi, tina saliwe lapa Africa, Mungu must pota lo pasi".

o o o

USergt. M. Bhengu ute efika nempi yamapoyisa amnyama bambleka abantu wase wadideka ute eti (form the deep) amanye esea uright turn nolefe turn, swowafundisa angapindi akutenise kanjeya Sergt.

o o o

Ngalomvalo ebikona eFidesi bekuhlama ebaholi abasha, naka mai mai soMr. A. N. Mgobhosi nabanye owakuhlama kakulu ngxintela esitelwa abantu eTransvaal. Tax £2, eyapasi £1-5 ngonyaka eFree State Tax £1 eyapasi 10/- eNatal from 14/- to 19/- ngapandhle kuka £2 ngendhlu yepulasi wati lemali ayisebenzi luto idhliwa abelungu yonke, umuntu ukupela wenziwe isigebengu ngapasi eti angangeteiwa isondo likwele umlungu abe seyabonkwa ngoba isulu likwele pesu kwake, sokubhalwa epasini lake (F. J. R. D.) angabe esawutola umsebenzi abe esebalekela kumadalambana ayoba isigebengu, ukuba kupile umperumulo wake.

o o o

Siyadebuka ukuswa ukuti uMr. Abeon Siki Shabane kade ebambeke kabi umkuhlane wangenwa emakosa sengati angapepa.

o o o

Kuswakala ukuti uMrs. Walter J. Gumede ubelapa ngesonto lesibili kuMay ebedhlula eya kubo eFree State loku sekuyiminyaka eyisihlanu ekowake eMahlongwa simfisela indhlela enhle.

o o o

URev. R. M. Ngcobo waseMtwalumi uselushiwe lapa upondo lweVangeli. Asesiko mfoka Bakayedwa.

o o o

Isitapa inhlebe kaMenyeswayo uRev. Mvayana loku kade isilapo kushone kona umfowabo eCome. Setemba uMdhlusi noMtokonisi okugcina akwesule isinyembezi qawe leNkosi.

o o o

UMiss Kutie Nyawose nsehlala eAlexandra township, siyadabuka ngokungapili kwake. Usayotshawa umoya kaNosandhla.

o o o

Kwelase African Zulu C. Church kaShumayela uRev. Sikankanyana wasePutukezi ulete abantu beNkosi eAfrica akashumayeli uyaqotula alihambe maAfrica.

o o o

UZulu eGoli uwe ngopondo ngoba liyawela iqude likaDube noMsane, isinkunzi esindala, akuze imali-ke nibese nigesa isindhlebe nikipe isikotokoto abokusaiwa endhleleni yase. Ngilandi bobabili.

o o o

Siyadabuka ukuswa ukuti aseko unaka Prince Albert kaJosane Shange wase Mfume M. S.

o o o

AoMiss P. N. Nyawose noNesipo A. Mgobhosi sebelapa loku kade besayodhla amaholide eBenoni bebehlala eHotel kaMr. Jonathan Nobhadula, abakohlwa umusa kaMadhlamini.

o o o

Icala labaholi beseNancefield lihleo hlisiwe, lisaya kuAttorney-General ePitoli umngunyasi wemiteto, yasho njalo iMantshi lalipetwe ummeli uMr. Benson. Sengati basolingoba, lokuti bafeka impi yalwa namaFokisi bashaya noMr. James.

UHLIKIHLE.

Umuntu oshaya iGolf noshaya ibhola ufanele ukwasi ukuti uChamberlain uyapilisa lapo ukutshaswe kona. Lomuti uyinto nje yokuhlikihlwa uma usudhlalile. Zonke isibasi zelapeka njengonyasi, futi welapa utshetshe kunemiti yonke ngokupindwe katatu. Ungawutoli yonke indawo.

Ezase Georgedale. M. S.

(Nav SANDANEZWE.)

Ubesika sebungene lapa kuke kwamakasa kabi kulesinsuku esidhlule kwafika nomoya omkulu kabi noko sulimasanga luto.

o o o

UMr. Etiskim Matiwane indodana enkulu kaMr. noMrs. Joshua Matiwane osuvakashele lapa ekaya akusuka ngaseGoli lapo esebensa kona isikuti esikulu. Upilile impela setemba usoba nesinsukwana.

o o o

Kwati ukuba kushone uNdevu Josiah Matiwane sase isikundhla sobodana sitetwa uDr. Caiman Gumede esekunguyena nduna kaChief Lutayi umfo kaMatenyoka, ungceda omakwici kwasho uRev. Nyawo.

o o o

Usekona umfo kaMatenyoka uChief Lutayi isimbuzo sebandhla lake asinqamuki kulesinsuku ubise imali yamaNxasa, futi ubise nemali yendhlu yokwaka indhlu yesonto, nemali yeqele.

o o o

Indaba esemlonyeni wake wonke umuntu iliswi elingama kaWesleyan Conference lokuba uRev. Majozi nesihintshwa nsegondiswa kwenye indawo. Loku kulitintile ibandhla kakulu ngoba beliamntande umfundisi walo nonxa liwasi umteto wokushintshwa, noko sengati okwempela belingakukulindeli ukuba kutshintshwe. Kunjalo nje boku ilapo kuoskaswe nesindhlela sokufuna imali yendhlu yesonto, impela kuvele kabi ukutshintshwa.

o o o

UMr. Caswell Sekoke waseBasutoland ubesonte lapa afike nomhlobe wake uMr. J. S. Gumede esiswa ukuti basane kakulu ngesikati uMr. Gumede esifuta ngo 1914.

o o o

UMr. Paul Kanyile waya eMsimkulu ukuyoshadisa kona indodakazi yake.

o o o

Umshado osugayelwa okuMr. Solomon Kanyile noMiss Laura Mbili abakona lapa eGeo. Dale.

o o o

UDr. Daiman Gumede ulibangise ngaseMkomasi ngesindhlela semisebenzi.

o o o

UMr. Chas. Gumede useBasutoland ngemisebenzi.

Ezase Mgu'ndhlovu.

Isonto elidhlule libe nendaba embana kakulu ngokushona kuka Peter Davis okungayena msikazi wesitolo zamaBook owasiwa ngokutiwa ngu-Messrs P. Davis & Son. Zonke isikulu zabe zipelele emngcwabeni wake. Bayodabuka abaningi kakulu koTescher. Ushone esengu 84 years of age.

o o o

Hau, okuke kwesiswa amakasa kulesinsuku kwehlule isalukazi nesimpuseyana abefikile impela. Hai-ke kulesinsuku.

o o o

Isiqaliwe iBhola ukudhlaiwa lapa yiM. D. N. A. iqalwe ngomqqibelo odhlule kudhlala amaStandards vs. Wandens draw Nil Nil. Royals vs. FlyingStars. Siyajabula bafana bakiti emveni komkuhlase okade ukona ukuba sipinde sinibone esigcawini Sinifisela imidhlalo emihle.

o o o

Nonyaka nje isikundhla sobuPresident beFootball Association sipetwe uMr. A. J. Sililo, Mr. Rueben Kuswayo Vice President, Mr. E. O. Msimang General Secretary.

o o o

Isitolo esikulu samaNdiya (Indians) okutiwa iNatal Indian Trading Coy sishiswe ngumlilo ngesonto ekuseni sasha sapela sonke, Kucishe kwasha nesinye ebelile le noko lahanguka nje layiswa esibhedhlela.

o o o

NgolwesiHlanu oludhlule eWesely kusihlwa kwabe kuiConcert yamakosikasi. Kwabe kuculo caMrs. Mtimkulu, Mrs. Gumede, Mrs. Mhlongo, Mrs. Radebe noMr. James Ntombela ebesiza. Yebo kweswakala ukuti lake lalolongwa ipimbo. Impela nenza kahle bomame. Elinye ikwaya kwake elabafana abati amaM. C. C. nalo lacula kahle.

UMr. Caswell Sekeke waseBasutoand umhlobo kaMr. J. S. Gumede osahambele lapa kulesi nsuku.

o o o

UMrs. Mtimkulu ulibangise eGoli ngokuvakasha, uhambo oluhle ma-Mtembu esibonele eGoli.

o o o

OMrs. Macebo nodadewabo uMiss Grace Mngoma badhlule lapa ukusuka eGoli beqonde eDeepdale besayopola.

LUNGISELELA UBUSIKA.

Tenga imiti eyokusiza ebusika masinyane. Maningi yeka amagabha ati uma sekufike uChamberlain anyukubale angatinsi, ngenxa yoba uma wona usufikile uqeda ukukwehlela nya. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Ukuhlasela kwabelungu kwaZulu ngo 1879.

UKUQALA KOKUHLUPEKA.

Kanti uSobantu utsho ukuti nyakufika ebusika aje kwaZulu, upete iswi esingaliboni, lokuti, nyakugodoga ebusika, emeke kulomhlaba. Nembala kwati ngo June 20, 1883, wasishiya uBaba weta onomuzi otanda sibantu bonke—sbamhlope nsbamnyama—nyise wabo bonke ngoqobo, owabe engenayo inhlisiyo yegqaba kumlungu nakumuntu, owabe efuselwe yiso isibongo ababembonga ngaso beti "Indhlondhlo emehlomane yasekukanyeni, uMapilipili osiyengesula lihloma, ondaba sifika kuqala potsheya, uMatshesh'afike eNkilanda, inkosi yokutala." Wagoduka likona lapa nalo inxusa sialivame ukuteanywa kuye uMfanzi wakwa-Xulu. Wati eseti makutanyelwe kulo liyobiswa asokuiuma nalo, kwabe lapo sekuse sona isifo, wati efika eMfanzi wefanyana inkosi yake seihambile sekusele izigubo zodwa. Po, nesekutini wena wakwaXulu, lamfela okwokupela. Kanti uSobantu ngodzika ajalo ngalelolanga isigijimi sokufa kwake sesifuyelele kwaZulu njengoyazi lwesalu, zaya zafinyelela kuZibhebhu kaMapita, ukuti "Utshonile uSobantu ob'ekade ebusela inkosi; hamba Zibhobhu uyomqeda manje kukuiungele, kona sesekutsete umuzi wakwaZulu abe ngowako." Wasela eknswa ukuti uSobantu kaseko wayihlomu umfo koMapita onkocovana embana, ongase watsho nokusho ukuti ngumuntu omkulu, ngabona ikehlana nje eliyindojeyana embana kakulu esicocwana sibheke nhlanye. Wayihlomisa wayibangise kona kwomkulu Ondini ekuseni kusemnyamana. Ute owesifesane aye ngapandhle wayicona ise ngakwa Mtonisengwayo, wafika wayibika ekaya. Po! abantu babutene bengakadani ekaya! Abantu bajabula lapo ese kuka inkosi yabo, bengacabangi luto nakancane ngempi, abanye abafana asbevuke bahamba bepelesela amastembezana abe epuma emakaya ebalesele ukudhla, abanye beacamba-lele, abanye beqala ukuvuka. Nangu owesifesane wabuye endhle epapasela eti "Nilele nje nansi impi ise ngesikala sigaMatsuntengayo!" Kwaba ukwetuka kwabo bonke abantu bebehlezi bengasi luto. Kanti pakati wabanye aba isikulu ebahlezi lapa kaya bayasi ukuti uZibhebhu uzofika namuhla asobhubhisa iswe. Po, wawani-ke, wabe seyiletile umfo ka-Mapita osicocwana sibheke nganxanye oilbuto uMxapo, owapana kakulu. Loku pela abanye abahemba nabelanga bake bagibele, bapete imimbobho bonke. Ite inkosi aba ibone ukuti impi se isisondele yatuma uGodide kaNdhlela kaSompisi, uyise owabe eyinduna enkulu yeswe kusebusa uDingane, yena uGodide owabe iudu na enkulu yakwaBulawayo; inkosi yamtuma ukuba oyohlela impi yonke yayo ngamabuto ayo, ati nxa esayihlelile ikukuke yonke ise kuyo. (Inkosi yainxanele ukuti gadhla itabone ngalapa ehlanzeni, iyiqate yona uqobo lwayo.) Po, yona owakwaNtuli wabe esakwenselapi kona loko? Yase ikahlamesile eyatwaMandhlakazi, sesewanikela lapo aMantontshane, bamtata kona lapo uGodide, yase iggibuka njalo eyaseSutu yabaleka. Kwabe lapo ipokopele kona ngasenhla esigodhlweni. Inkosi yati igibela ihashi lawa, yalishiya yatabata isikali zayo yapuma ekaya. Ihambe yahambe yafika emhlahlaneni (lapoke isiyodwa qwabe) yahlala pansi kwaso. Kwasekufika ibelana lalabo bakwoZibhebhu abahambe bexosha ababalekayo. Bati-uba bayibone ihlezi esihlahleni bayiciba ngemikonto, kepa imikonto yahlala etangeni yomibili. Weswakala kaloku uJiniud'omnyame, wakuza ehlezi kona pansi kwaleso sihlahlanu, "Bafokaswa ningihleba ngomkonto ezweni lami likababa!" Waqamuka omunye owabe eyinceku yake wati, "Ndabezita besingazi ukuti inkosi besiti umfowenu uZiwedu." Base bekuleka njalo beti, "Bayete!" bahlala pansi. Nayo inkosi yaibazi abanye kulabo. Bakulukuluma nayo amazwana ayingcosana, base bepindela emuva. Kwat'uba bemuke yesuka nayo yaqubekela pambili. Kanti emuva lapaya uMandhlakazi ute uba abaxotshe abantu wawufaka nsiswini, wawufaka kehleni, mfazini nasentombini nasesinganeni kwatula kwati kwishilili. Pa, izikulu sonke zabe sezihlezi esibayeni lapo yafika impi kaZibhebhu yasibonda kona ngamagaqa, kulapo kwakuluma kona ihwanga likaMapita uHaiyana, owati kumfene oludibi lwake, "Leta ukamba lotshwala lolo mfana ngipuze, siyajabula namhla loku sizakufa kanye nenkosi." Wab'eseti uba apuze "Qub'izikali zami lezo." Uyapumela emnyango bayamqeda abakwaMandhlakazi. Zabulawa sonke izikulu lapo. Kulapo kwesuka esinye isikulu uNonsama waya kuyo impi wayihlangabeza wati. "Angiti pela mina bengihlezi nani ebusuku ngilete amapapu ezinkabi ebesihlatshiwe, kanti nami ningangibulala yini loku ngingowakini nje na?" Bapendula abakwa-Mandhlakazi bemgwaza bati, "Kwona loko sibe sikutanda yini?" Bqeda lapo amashumi amane abanumzane aba yisinsika seswe lakwaZulu. Ngokuti bayabaleka abesifesane, bamgwaza okaMajiya, umlobokazi wenkosi, ebelete umntwana uNyoniyentaba, umkonto waya wadhla umntwana esuhlana.

Ezase Victoria Hill

Kulonyaka yindhlela laya kwesinye isindawo, kulapo kufike nesilwane esibolse isipapa sesha, esungcatangela umlilo. AoMessrs. T. S. Mkize no-J. A. Langa balapa. UMr. Langa akapilile.

Njengokuba uMr. Malambe ebelapa nenkosikazi yake ngokungapili itelete. babili bemuka. Sebebuyele emzini wabo eMhlangane.

UEliza Tshabalala okala ngoMiss Maud Mtembu uti wati akabe isiguli mhla kuvalwa isikole ngo1915. Unesifo esesahlule oDotela. Ati ingati uMiss Mtembu angake ambone ambuze.

Kuswakala ukuti njengokuba uRev. J. Mhlongo wake waba seMgungundhlovu wabona uRev. A. F. Matibela eStation begala ukubonana seloku beginena eNkantolo eWesmen ngo-1916. Wati asepumile naye eWesile. Kungati ngasenva kwenkulumo ende uMr. Mhlongo wabonakalisa ukuti uJoseph wasendulo wati ningesabi banewetu ukuba nangipata kanjeya. Hambani nilande ubaba nemisi yenu nize nayo lapa, ngokuba uNkulunkulu owalangisela ukuba ngihambe pambi kwenu.

Umenyane lwaseDepende lwahlangana ngeGood Friday uRev. Mhlongo elibangise eLongland eDundee ayonika iSidhlo seNkosi omeuyaneni lwaseDepende kuMr. Ngwenya. Kungati sombhlangano kaNsondelelo waseDepende wokuqala uyohlanganela kona ngoAugust 1919. Isinklebi kungati siti ukuti Depende kusho ukuti ibandhla nokuti isonto lamaSwasi nama Simanga. Akunjalo.

Amadoda asetambeke ukwaka indhlu yomfundisi neyesonto soMesurs. M. Ndawonde, J. A. Mhlongo, J. L. Mcunu. Abehedeni beyapenduka no-Mr. P. Mcunu ashumayela kasalali uyadwa.

Kungati uRev. Mhlongo kukona lapo ese yoshadisa kona emabandhleni aseDepende, akasiali ekaya. Inqola yokutelisa isipumile eMpofana naseWesmen.

Umhloli wesikole uMr. Gebers wanelisiwe nkuqoba kwesikole naseWesile esilapa eMhlumba. Kodwa wati indhlu incane nabantwana bancane. AoMhlongo bacela kuHulumeni ukuba kwakiwe iGovt. School wavuma wati abakipe £150 kupela. Watunywa naye kuse kube namhla pinde. Wati upi yena uMhlongo?

U Good Friday eSchitdret Natal.

Ngolwesine wabona ngo 3 o'clock kwabe kutomvu umanyano lwamaWesile iya eSchitdret, Acton Homes Langkloof, Green point, bedhluia oMr. S. J. Sitebe eBergville ngeculo u"Kanya emehiweni," kwapuma abelungu impela lusho uMsnyano, kodwa uMr. Sitebe wangena eNational Bank Ltd., ngeso kulonda imali. Bedhlula bafika ngo 7 o'clock kusihiwa, inkonso yavulwa nguMr. M. A. Mpila, Igosa yeSeketi Intshumayelo Luke 22 USatane ufuna ukunfhlunga, kwaba amaswi anemvuse lelo aduosa inhlangano; kwase kunge na umanyano lwshambe ngayo. Wa vaiwa kwaiaiwa. Ngo 7 ekuseni, uMr. J. Ndaba wakona John 18 36; ngo 11 emini uMr. J. Mtyali umVangeli, umtandazo, intshumayelo John 19.27. kwaba iTokisi emnandi kakulu. Ngo iwesihlanu ngo 3 ntambama uMr. T. Madinane John 22 26 noMr. S. Msibi, John 22.19, babaliss ngokufa kukaJesu kakulu, Ngo 7 kusihiwa uMr. D. Hlongwane Mateu 26,14 washumayela impela. Kwangena uManyano lwatandasa weswa ungati sokuyiwa esulwini ngotando lomtandazo owawukona. Ngowa abapenduka, ngo 7 ekuseni ngoMqqibelo, uMr. J. Mtyali wenza ufefe; njalo kona ngolwesihlanu kwadhliwa ngemva kwamadina, ngisho [illegible] la. Inyama amaTes. [illegible] kwabe kuyiswe. Amaweta uMr. E. Kumalo nabanye abantu aba notando olukulu, kona ngo 11 yangena kuMr. L. Njoko umnini muzi wakona watata Luka 23 56 washumayela kakulu; kwaba kona ukutanlaza okukulu. Umenyano lwatandazela umfasi wakona wapila. Ngawo uMgqibelo ngo 6 sabona oMr. J. M. Mtyali, S. Sitebe, J. Ndaba bepete ipepa behemba kuzo soake intokazi, kanti sokulungiswa amakwaya. Kwangenwa ngo 7 uMr. J. Mtyali uChairman noS. J. Sitebe ownyembhalela uJ. Ndaba umfundi wencwadi. Nanka amagama amakwa ya emisi Green point Langkloof Acton Homes.

Yabuye ikwaya yase Queen Point yadhiala iReg-time, lapo wayiswa iBaso kuMiss Gasa pela base beti uMr. Gama nentokazi uMiss M. Madinane, S. Msibi nesinye zadhlala kwamsandi, kwancoka uMr. Madinane amazwi amnandi kakulu, uMr. S. Msibi niye kanjalo Mr. S. J. Sitebe ngawoti zintombi zakiti nicula nicula kamnandi kodwa kwesinye izindawo kukona amantombazana sqoma amaSulumane nabelungu. Wati kuyasijabhisa loko wangena nangesikole sakona lapo ukuba sivulwe wati sebekulumile nomlungu wakona. Kwaba amaswi amnandi apuma emcabangweni wendo da kepa yinsizwa. wabonga uMrs. E. S. Msibi, ngempato yomusi, siyabonga umsi wasipata kahle impela wabonga uMvangeli J. Mtyali ngamaswi ake kwakuhle kwadela. Wavulwa ngo 11 ebusuku ngeculo "Tixo ulilanga" nofefe nomtandazo kuqala siyambonga uMiss Gama or Mr. Green Points Ladies ngomculo wenu omnandi Ekuseni beza abafesi besililo bashuma yela kwaze kwangu 7, ngesonto yavulwa ngo 11 emini nguMr. J. M. Mtyali umVangeli Mateu 28 3 4. Abalindi batumela besaba. Loku kwaqalwa ngombbedesho pela, yasho into ka Mtyali, asifuni ukujahlekelwa lilo Vangeli, washo kwanyakana indhlu kihle umfiva wayo sokani bakona abaVangeli. Lapuma ngo 3, UEr. S. Msibi washumayela, impela uyashumayela nomfo kaMsibi kusihlwa kwashumayela owakona, kwati ngo 12 ebusuku kwahanjwa.